



science and technology

Department:
Science and Technology
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UMnyango Wesayensi Nobuchwepheshe
IRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika

IBHUKWANA LOMTHETHO WOKUKHUTHAZA UKUFINYELELA OLWAZINI KA 2000

ELENCIWE NGOKWEMIBANDELA YESIGABA14 (2) SOMTHETHO WOKUFINYELA
OLWAZINI
(PAIA) (uMthetho onguNo 2. ka 2000)

Ibuyekezwe Okokugcina Ngo 2016

FORM A: REQUEST FOR ACCESS TO RECORD OF PUBLIC BODY**OKUQUKETHWE**

1.	Isethulo	1
2.	Ukusebenza KoMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini (lapha obizwa nje ngokuthi yi-PAIA)	1
3.	Inhloso yaleli Bhukwana ngokwe-PAIA	1
4.	UMhlahlandlela Wekhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika ("SAHRC") maqondana noMthetho	1
4.1.	Ukutholakala kanye Nokufinyelela Kumhlahlandlela:	2
5.	Imininingwane yokuxhumana ne-DST	2
6.	Uhlaka lokuma komnyango kanye nemisebenzi	3
6.1.	Izinhlelo	3
6.1.1.	Uhlelo 1: Ezokuphatha	3
6.1.2.	Uhlelo 2: Ucwangingo, Intuthuko kanye Nokusungula	4
6.1.3.	Uhlelo 3: Ukubambisana nezinhlelo zakwamanye amazwe kanye Nezinsiza	4
6.1.4.	Uhlelo 4: Abantu kanye Nezinhlelo Zolwazi Lokusebenza	4
6.1.5.	Uhlelo 5: Ukubambisana Kwezenhlakahle Yomnotho	4
6.2.	Imisebenzi Emikhulu	4
6.2.1.	Isendlelo somlando woMnyango	4
6.2.2.	Inhloso ye-DST	4
6.2.3.	Indlela esenza ngayo izinto	5
6.2.4.	Izinhloso	5
6.2.5.	Izinselelo Ezinkulu	5
7.	Izinkampani zomphakathi ezibika kwi-DST	6
8.	Imithetho ephasise yi-DST	6
9.	Inqubo yokufinyelela	7
9.1.	Indlela Yokwenza Isicelo	7
9.2.	Izinhloko kanye Nezinhlobo Zamarekhodi Okusezandleni zoMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe	8
9.2.1.	Ukudalulwa kolwazi lungaceliwe:	8
9.2.2.	Amarekhodi atholakala ngemuva kwesicelo:	8
9.3.	Ukukhokhwa kwezimali ezinqunye:	8
9.4.	Ukuphasiswa nokwaziswa kwesicelo	8
9.5.	Ukwedluliswa kolwazi	8
9.6.	Ukwaziswa kokugcina	9
9.7.	Ukukhokhwa kanye nokuhanjiswa kwawo	9
9.8.	Izimali ezikhokhwayo	10
9.9.	Ukwenqatshwa kwesicelo kanye nokwedluliswa kwalokho kwenqatshwa kwesicelo	11
9.10.	Indlela yokwedluliswa kwesinqumo sokwenqatshwa kwesicelo kanye nezimali zokwedlulisa isinqumo	12
9.11.	Ukuhlinzeka ngelungelo lokufinyelela kumarekhodi	13
10.	Okunanyathiselwe A: Ulwazi oluvame ukutholakala kuwebhusayithi ye-DST	14
11.	Okunanyathiselwe B: Izihloko nezinhlobo zamarekhodi okusezandleni ze-DST	19

19. Isethulo

Leli bhukwana ("Ibhukwana") lishicilelwe ngokwemibandela Yesigaba 14 (2) soMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini onguNo. 2 ka 2000 ("uMthetho"). Lo Mthetho unikeza amandla Isigaba 32 soMthethosisekelo wakuleli othi abantu banelungelo lokufinyelela olwazini olusezandleni zoMbuso kanye nasolwazini olusezandleni zomunye umuntu nolosuke ludingwa omunye umuntu ukuze enze futhi/noma avikele noma ngabe yiliphi ilungelo.

Inhloso yalo Mthetho ukukhuthaza isiko lokwenzela izinto ekukhanyeni kanye nokukwazi ukuphendula emikhakheni womphakathi nowangasese ngokunika noma ngabe yimuphi umuntu ilungelo lokufinyelela olwazini ukuze lowo muntu akwazi ukwenza kanye nokuvikela wonke amalungelo ngendlela egcwele.

Inhloso yaleli Bhukwana ukubeka izinqubo okumele ukubalula izinqubo okumele zilandelwe kanye nemigomo okufanele ukuba kuhlangukshwane nakho yiwona wonke umuntu ("umfakisicelo") ukufinyelela kumarekhodi asezandleni noma angaphansi kolawulo loMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe ("i-DST").

20. Ukusebenza KoMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini (lapha obizwa nje ngokuthi yi-PAIA)

UMthetho Wokukhuthazwa Ukufinyelela Olwazini (onguNo 2 ka 2000) uyasebenza nakuMnyango njengesikhungo somphakathi, ikakhulukazi mayelana nohlelo lwawo lwangaphakathi lokugcina amarekhodi.

21. Inhloso yaleli Bhukwana ngokwe-PAIA

Inhloso yaleli Bhukwana ukuhlonza izinhloso kanye nemisebenzi yoMnyango bese lichaza nezinhloso zawo zokugcina amarekhodi ukuze kwenziwe lula izinjongo ze-PAIA.

22. UMhlahlandlela Wekhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika ("SAHRC") maqondana noMthetho

Isigaba 10 soMthetho siding ukuthi Ikhomishana Yamalungelo Abantu yaseNingizimu Afrika (SAHRC) ishicilele umhlahlandlela onolwazi oludingeka ngokuphusile yinoma yimuphi umuntu ofisa ukwenza noma ukuvikela noma ngabe yimaphi amalungu malungana nemibandela yalo Mthetho.

Lo mhlahlandlela noshicilelwe ngazo zonke izilimi ezisemthethweni unalezi zinto ezilandelayo:

- lonke ulwazi lwamahhovisi omphakathi kanye nawezinhlango ezizimele;
- amakheli kanye neminingwane yokuxhumana yalezi zinhlango; kanye
- nezinhlobo zosizo ezitholakala emahhovisini olwazi kanye Nakwikhomishani Yamalungano Abantu YaseNingizimu Afrika.

22.1. Ukutholakala kanye Nokufinyelela Kumhlahlandlela:

Lo mhlahlandlela uyatholakala ukuze ucwaningwe kulezi zindawo ezilandelayo:

- yonke imitapoyolwazi yomphakathi; kanye
- nakuwubhusayithi Yekhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika – www.sahrc.org.za

Uma kwenzeka uba nanoma yimiphi imibuzo mayelana nalolu daba daba niyacelwa ukuba nixhumane ngqo ne-SAHRC kuleli kheli:

Ikheli leposi: The South African Human Rights Commission
Promotion of Access to Information Act Unit
Research and Documentation Department
Private Bag 2700
Houghton, 2041

Ucingo: +27 11 484-8300
Ifekisi: +27 11 484-0582
Iwebhusayithi: www.sahrc.org.za
I-imeyili: paia@sahrc.org.za

23. Imininingwane yokuxhumana ne-DST

Igama lenhlangano: uMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe

Ikheli leposi

UMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe
Private Bag X894
Pretoria

Ikheli lendawo

Building 53 Scientia
Campus
Meiring Naude Road

0001

Brummeria
Pretoria**Ucingo:**

(012) 843 6300

Ifekisi:

(012) 317 4363

Iwebhusayithi:<http://www.dst.gov.za>**Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi:**

uMqondisi-Jikelele

Ucingo:

(012) 843 6815

Ifekisi:

0866 810006

I-imeyili:paia@dst.gov.za

Abafakizicelo kulindeleke ukuthi babhale zonke izicelo zabo bazibhekise Kwisikhulu Esihlinzeka Ngolwazi.

Isekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngolwazi:Isekela LoMqondisi-Jikelele:
Corporate Services**Ucingo:**

(012) 843 6632

Ifekisi:

0865 508 775

I-imeyili:paia@dst.gov.za**24. Uhlaka lokuma koMnyango kanye nemisebenzi****UNgqongqoshe:**


uMhlonishwa uNaledi Pandor

Isekela Ngongqoshe:

uMhlonishwa uZanele Magwaza-Msibi

UMqondisi-Jikelele:

uDkt Phil Mjwara



Ukuze uthole uhlaka lokuma koMnyango olubanzi uyacelwa ukuba ungene kuwebhusayithi yakwa-DST ethi: www.dst.gov.za

24.1. Izinhlalo

24.1.1. Uhlelo 1: Ezokuphatha

Lunomthwalo wokubheka ukuphathwa koMnyango wonkana nje luphinde futhi luhlinzeke ngezinsizakalo zokusiza uMnyango wonkana. Lolu hlelo luphinda futhi luqiniseke ukuthi izinhlangano ezixhaswe wuMnyango ziziphethe ngendlela efanele futhi zibusa ngendlela yokubusa eyamukelekile futhi konke ezikwenzayo kuhambisana nse namaqhinga okubusa oMnyango nokuwuHlelo Lukazwelonke Lokusungula (NSI). Ibheka iphinde ibuyekeze imikhandlu yezesayensi.

24.1.2. Uhlelo 2: Ucwangingo, Intuthuko kanye Nokusungula

Luhlinzeka ngobuholi benqubomgomo kuhlelo lwesikhathi eside, lusebenze ngisho nakwimizamo ye-RDI kwi-NSI, bese futhi ludlala indima ebalulekile ekusunguleni izinhlelo ezintsha ezingamacebo esikhungo ukuze ziqhube i-RDI lapha eNingizimu Afrika.

24.1.3. Uhlelo 3: Ukubambisana nezinhlaka zakwamanye amazwe kanye Nezinsiza

Lolu hlelo lusungula lubuye futhi lusebenzele ubudlelwano obukabili nobuninginingi kanye nezivumelwano kwi-S&T ukuqinisa i-NSI bese lwenza ukuthi kube nokugeleza okufanele kolwazi, amandla kanye nezinsiza zingena eNingizimu Afrika kanye nase-Afrika yonkana.

24.1.4. Uhlelo 4: Abantu kanye Nezinhlaka Zolwazi Lokusebenza

Lolu hlelo lusungula lubuye futhi lwenze izinhlelo zokazwelonke ukuze kukhiqizwe ulwazi kanye nabantu abaqeqeshekile, kuhlenganisa nengqalasizinda, izinto zokusebenza kanye nezinhlalo zokucwaninga emphakathini, njengalokhu kudingekile ukuze kuqhutshwe i-NSI.

24.1.5. Uhlelo 5: Ukubambisana Kwezenhlalakahle Yomnotho

Lolu hlelo luhlinzeka ngenqubomgomo, amacebo kanye nokwesekwa kokukhula okuholwa yi-R&D kulezo zimboni okukhona okuthile ezikwengezayo kwimisebenzi yoMnyango ukuze uhulumeni, izimboni kanye nomphakathi bakwazi ukuqonda kangcono kanye nokubhekana nezinsalelo zomhlaba wonke zokuguquguquka kwesimo sezulu. Luphinda futhi luhlinzeke ngokweseka ucwaningo olususelwe ebufakazini obuthile olumayelana nokuthuthukiswa kweminxa yabantu nenhlalo kanye nokusiza uhulumeni ukuthi akwazi ukwenza ngcono ukuthatha izinqumo maqondana ne-S&T (kuhlenganisa ne-R&D) njengezinto eziyimikhakha yokukhiqiza.

24.2. Imisebenzi Emikhulu**24.2.1. Isendlalelo somlando woMnyango**

UMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe (i-DST) yathola amandla awo Kwiphepha Elimhlophe langonyaka ka 1996 Kwisayensi kanye Nobuchwepheshe. Lo Mnyango waqala uyingxenye yoMnyango Wezobuciko, Amasiko, Isayensi kanye Nobuchwepheshe, nowawusungulwe ngonyaka ka 1994. Lo Mnyango wabe sewehlukaniswa kuba yiminyango emibili okuwuMnyango Wezobuciko Namasiko kanye noMnyango Wezesayensi kanye Nobuchwepheshe ngonyaka ka 2002. Kuthe ngonyaka ka 2004 wazimela wodwana lo Mnyango. Isizathu esikhulu salokho kwaba wukuthi Isayensi, Ubuchwepheshe kanye Nokusungula (STI) kudlala indima enkulu ekukhuleni komnotho kanye nasekuthuthukeni kwenhlalo yomnotho.

24.2.2. Inhloso ye-DST

I-DST ifuna ukwenza ukuthi isayensi kanye nobuchwepheshe kwenze umsebenzi wakho ogcwele ekuthuthukisweni kwenhlalo kanye nezomnotho ngokuthuthukisa abantu, ucwaningo kanye nokusungulwa kwezinto ezintsha.

Lokhu kufaka phakathi ukungenelela okugxilile ezintweni ezithile, ukunethiwekha kanye nokusebenza njengevulandlela uma kuziwa ngasezinhlakeni zokukhiqiza umnotho wethu, nokuyokwenza ukuthi umnotho wethu ukwazi ukuqhubekela neminotho yamazwe omhlaba esimweni esisha, futhi ukwazi umnotho wethu ukulwa nokusilela emuva kwezinhlobo zentuthuko kwimiphakathi yakithi eswele. Inhloso yokuphumelelisa lo mbono umumethwe yintuthuko kanye namacebo okuhlinzeka ngezinsiza zokwenza isayensi, ezobunjiniyela kanye nobuchwepheshe babantu, ukwenza uhulumeni enze izinto ngokwentando yeningi kanye nomphakathi ngokunjalo kanye nokuqinisekisa ukuthi ukuthi kunezinhlelo zokuqhubeka kwesikhathi eside kwezemvelo kwizinhlelo zentuthuko.

24.2.3. Indlela esenza ngayo izinto

Ukugcina isizinda sesayensi esanele bese sigcina ngokuthi senziwe amathuba emisebenzi kanye nokukhula yizona ezinto eziyizinselelo ezinkulu kakhulu. Indlela ezosetshenziswa yisikhungo i-National System of Innovation (NSI) ekuboneni ukusungula izinto okungesilona ujenga – nokuyisimo lapho khona ukusebenza kungesiwona nje kuphela umsebenzi wokusungula kwizinkampani ngazodwana kodwa okunalokho kube wubudlelwano kanye nokuxhumana phakathi kwezikhungo – iya ngokuya ilokhu ishekelela uhulumeni imenza ukuthi akwazi ukuba yivulandlela, umxhumani kanye nomtshalizimali onobuchule.

24.2.4. Izinhloso

Izinhloso ezinhlanu eziphambili ze-DST ukwenza lokhu okulandelayo:

- Ukuthuthukisa umthamo wokusungula we-National System of Innovation (NSI) bese kuthi ngalokho uMnyango uyazi ukuthi usubambe iqhaza ekuthuthukisweni kwenhlalakahle yomnotho;
- Ukwenza ngcono igebelolwazi lwaseNingizimu Afrika ukuze kukhiqizwe amaphepha ophenyo asezingeni lomhlaba bese kuthi ezinye izinto ezitholakele ziguqulwe zibe yimikhiqizo esunguliwe kanye nezinhlelo eziphambili;

- Ukuthuthukisa abantu abanolwazi lwe-STI abafanele ukuze uMnyango ukwazi ukuhlangabezana nezidingo zomphakathi;
- Ukwakha ingqalasizinda ye-STI esezingeni eliphambili kakhulu ukuze inwebe imingcele yayo yolwazi, iqeqeshe isizukulwane esizayo sabacwaningi, bese futhi yenza ukuthi kube nokuthuthuka kobuchwepheshe kanye nokwedluliswa kwabo, kuhlanganisa nokushintshiselana ngolwazi; kanye
- Nokubeka iNingizimu Afrika esimweni esifanele sokuba yizwe elibambisanayo ngokohlelo lwe-RDI futhi nendawo lapho leli lizwe libheke khona iyabonakala ngokushintshana ngolwazi phakathi kweNingizimu Afrika kanye nalabo esebenzisana nabo eNingizimu Afrika kanye nasesifundeni, nokuyinto leyo engaqinisa i-NSI.

24.2.5. Izinselelo Ezinkulu

Impumelelo yohlelo loMnyango olwaziwa ngokuthi yi-Ten Year Innovation Plan - 2008-2018 (TYIP) kuncike konke ekuphumeleleni kanye nasekufezekiseni lawa maphupho angenhla. Lolu Hlelo lubalula izinto ezisemqoka okudingeka ukuba zenziwe, nezibalulwe ngamafuphi njengezinselelo ezinkulu ezibhekene neNingizimu Afrika kanye futhi neziselelo emkhakheni wesayensi kanye nobuchwepheshe (S&T). Izinselelo ezinkulu lo Mnyango obhekene nazo yilezi ezilandelayo:

- **Ukusuka ekubeni yi-Farmer kuya ekubeni yi-Pharma:** Esikhathini esingaphezu kweminyaka eyishumi ezayo iNingizimu Afrika kumele ikwazi ukuzenzela umutho wayo wempilo ukuze ikwazi ukuba umholi ohamba phambili ekuhlinzekeni ngobuchwepheshe bempilo kanye nokwakhiwa kwamakhambi, isebenzisa izinsiza zomdabu zemvelo kanye nentuthuko entsha ekhona kwezomnotho womhlaba.
- **Umkhathi, Isayensi kanye Nobuchwepheshe:** INingizimu Afrika izoba wukhiye onqala ekubambeni iqhaza kanye nophathina kwisayensi yomkhathi yomhlaba kanye nesayensi kanye nobuchwepheshe ngokusebenzisa Isikhungo Somkhathi Sikazwelonke, nokuyimboni yesathelayithi ekhula ngamandla kanye nezinto eziningi ezisungulwayo kwisayensi yomkhathi, kuhlanganisa ukubheka umhlaba, ukuxhumana, ukufijola kanye nezobunjiniyela.
- **Ukuvikeleka Kwamandla:** kuhlinzeka ngamandla aphephile, ahlanzekile, akhonakalayo kanye nathembekile yizinto ezifunwa kakhulu emhlabeni jikele, kanti iNingizimu Afrika kumele ikwazi ukuhlangabezana nohlaka lwayo lokuhlinzeka ngamandla esikhathini esiphakathi nendawo, kodwa futhi ibe ngaleso sikhathi imatasa isungula uhlelo lwesikhathi eside lokuhlinzeka ngobuchwepheshe bamalahle, amandla enuzi, amandla avuselekayo kanye nesethembiso somnotho owenziwe ngamanzi.

- **Ukushintsha Kwezinto Emhlabeni:** INingizimu Afrika kumele ikwazi ukusebenzisa indawo yayo ekuyo, neyenza ukuthi yona njengezwe ikwazi ukudlala indima ehamba phambili kwisayensi yokulwa nesimo sokugququka kwezulu.
- **Iminxa Yabantu kanye Nenhlalo:** Njengezwi elihamba phambili emazweni asathuthuka, iNingizimu Afrika kumele ibambe iqhaza ekuqondeni kanye nasekuqondweni kwayo ngamazwe omhlaba ukushintsha iminxa yenhlalo, kanye nendima okumele idlalwe yisayensi ekukhuthazeni ukukhula kanye nokuthuthuka.

25. Izinkampani zomphakathi ezibika kwi-DST

- I-Academy of Science of South Africa (ASSAF)
- I-Council for Scientific and Industrial Research (CSIR)
- I-Human Sciences Research Council (HSRC)
- I-National Research Foundation (NRF)
- I-Technology Innovation Agency (TIA)
- I-South African National Space Agency
- I-Agency for Science and Technology Advancement
- I-Astronomy Management Authority
- I-National Council on Innovation
- I-National Intellectual Property Management Office

26. Imithetho ephasiswe yi-DST

- UMthetho Wesikhungo Sesayensi saseNingizimu Afrika onguNo 67 ka 2001
- UMthetho Wesikhungo saseNingizimu Afrika
- UMthetho Wobuhle Bezinkanyezi Zomhlaba onguNo 21 ka 2007
- UMthetho Wokucwaninga Ngesayensi Yabantu onguNo 23 ka 1968
- UMthetho Wamalungelo Okuqamba Ucwangingo Olukhokhelwe Ngezimali Zikahulumeni kanye Nentuthuko onguNo 51 ka 2008
- UMthetho Kazwelonke Womkhandlu Wokweluleka Ngezokusungula onguNo 55 ka 1997
- UMthetho Kazwelonke Oyisisekelo Sokucwaninga onguNo 23 ka 1998
- UMthetho Kazwelonke Wezesayensi onguNo 106 ka 2003
- UMthetho Wemisebenzi Yesayensi Yezemvelo onguNo 27 ka 2003
- UMthetho Wokuchibiyela Womthetho Wobuchwepheshe Besayensi ka 2011

- UMthetho Womkhandlu Wokucwaninga Ngezesayensi onguNo 46 ka 1988
- UMthetho Wesikhungo Somkhathi waseNingizimu Afrika onguNo 36 ka 2008
- UMthetho Wesikhungo Sokusungulwa Kobuchwepheshe onguNo 26 ka 2008
- Ibhukwana Lokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini

27. Inqubo yokufinyelela

27.1. Indlela Yokwenza Isicelo

Gcwalisa ifomu elifanele nelitholakala kwa-DST. Ukuze utholele lelo fom, thumela i-imeyili ku: paia@dst.gov.za. Ifomu litholakala ngalezi zilimi ezilandelayo³:

- IsiNgisi
- IsiZulu
- IsiPedi.

Yonke imibuzo kumele ibhekiswe Kwisikhulu Esihlinzeka Ngolwazi:

Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi:	uMqondisi-Jikelele
Ucingo:	(012) 843 6815
Ifekisi:	0866 810 006
I-imeyili:	paia@dst.gov.za

27.2. Izinhloko kanye Nezinhlobo Zamarekhodi Okusezandleni zoMnyango Wezesayensi Nobuchwepheshe

27.2.1. Ukudalulwa kolwazi lungaceliwe:

Uhla lwemikhakha yamarekhodi olutholakala kubantu ngale kokuthi baze bafake isicelo ngokwemibandela YoMthetho Wokufinyelela Olwazini lunanyathiselwe lapha kanti luyilokho okuthiwa Okunanyathiselwe A. Lawa marekhodi avele ayatholakala kuwebhusayithi ye-DST.

27.2.2. Amarekhodi atholakala ngemuva kwesicelo:

Uhla lwamarekhodi asezandleni zoMnyango nokungafanele ukuthi acelwe uma edingeka ngokwemibandela YoMthetho Wokufinyelela Olwazini lunanyathiselwe lapha kanti luyilokho

³Okwamanje i-DST inamafomu asatholakala ngalezi zilimi ezibalulwe ngenhla kuphela. Yize-ke kunjalo, izicelo eziyobe zidinga ifomu elibhalwe ngezinye izilimi nazo ziyobhekelelwa.

okubizwa ngokuthi Okunanyathiselwe B. Ukufinyelela kulawa marekhodi kufanele ukuthi kucelwe Kusikhulu Esihlinzeka Ngolwazi ngokulandela inqubo ebhalwe lapha ngezansi.

27.3. Ukukhokhwa kwezimali ezinqunyiwe:

Njengokusho koMthetho, kufanele ukuthi kube nenani lemali elinguR35.00 eliphezela isicelo sokuthola ulwazi oluthile. Le mali ikhokhwa iyisheke, ingukheshi (uma izolethwa ngesandla) noma ifakwe kwi-akhawunti yasebhange ye-DST (isiliphu esiwubufakazi bokukhokha kwakho kufanele ukuthi sihambisane nefomu lesicelo).

Igama Le-Akhawunti:	Department of Science and technology
Ibhange:	ABSA Bank
Inombolo Ye-Akhawunti:	4056183523
Inombolo Yegatsha:	323645
Uhlobo Lwe-Akhawunti:	Deposit Account

27.4. Ukuphasiswa nokwaziswa kwesicelo

Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi se-DST sifika sithole isicelo bese siqinisekisa ukuthi leso siceo siyiso bese sibona futhi ukuthi ngabe lolo lwazi oludingekayo lukhona yini kwa-DST. Ngemuva kwalokho-ke isicelo siyaye bese siyemukelwa, siqatshwe noma sedluliselwe kulezo zinhlobo ezifanele nokuyizo ezigcina lolo lwazi oludingekayo. Kuyaye bese kukhishwa ukwazisa okubhekiswe kumfakisicelo okumchazelayo mayelana nesimo sesicelo leso.

27.5. Ukwedluliswa kolwazi

Uma isicelo leso siye semukelwa, i-DST iyaye bese ihlanganisa iphinde ilungise lolo lwazi bese ibala izindleko okufanele yona ikhokhelwe khona ngalokho. Izindleko zibalwa ngokwemibandela yezimali ezinqunyiwe njengalokhu zishiwo *Kwithebula 1: Izimali ezikhokhelwa Izikhungo Zomphakathi*.

27.6. Ukwaziswa kokugcina

Umfakisicelo uyokwaziswa ngokuphothulwa kwesicelo sakhe kanye nezimali ezikhokhwayo nokuyobe kudingeka ukuthi azikhokhele i-DST.

27.7. Ukukhokhwa kanye nokuhanjiswa kwawo

Kuyothi-ke lapho uma sekukhokhiwe futhi nemali eshiwo yatholakala, bese lolo lwazi ludedelwa-ke luya kumfakisicelo.

Kufanele ukuthi ifomu elifanele ligcwaliswe futhi kubhalwe imininingwane efanele ukuze Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi sikwazi ukuthi sihlonze:

- Irekhodi noma amarekhodi acelwayo.
- Ukuthi uyena bani ofaka isicelo.
- Ukuthi ngabe yilona luphi uhlobo lokufinyelela oludingekayo, uma kuwukuthi lokho kufinyelela kuyahlinzekwa;
- Ikhei lokuposa noma ikheli le-imeyili noma inombolo yefekisi komfakisicelo.

Umfakisicelo kufanele ukuthi asho ukuthi ulwazi lolo ulufunela ukwenza noma ukuvikela ilungelo futhi akusho kucace ukuthi ngabe luhlobo luni lwelungelo ahlose ukulenza noma ukulivikela. Ngaphezu kwalokho, umfakisicelo kufanele ukuthi akusho kucace ukuthi kungani irekhodi lidingekile ukuze enze noma avikele lelo lungelo athi ufuna ukulenza noma ulivikela.

UMnyango uyobe usudlulisa isicelo zingakapheli izinsuku zokusebenza ezingama-30, ngaphandle-ke uma umfakisicelo eye wabalula izizathu ezikhethekile, nokuyofanele ukuthi zanelise Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi, ukuthi kunezimo ezithile eziphoqayo ukuthi lezi zikhathi ezishiwo ngenhla kungahanjiswana nazo. Lesi sikhathi sezinsuku ezingama-30 kusengenzeka ukuba selulelwe ezinye futhi izinsuku ezingama-30 uma isicelo singesolwazi oluningi, noma uma isiceo siding ukuthi lolo lwazi luqale luyophenywa ngoba lukwelinye ihhovisi lesikhungo futhi ulwazi lolo lungeke lwakwazi ukuthi lutholakale singakapheli lesi sikhathi esiyizinsuku ezingama-30 esishiwo kuqala. I-DST iyokwazisa umfakisicelo ngokubhalwe phansi uma kwenzeka idinga ukuthi isikhathi selulwe.

Uma isicelo senziwa egameni lomunye umuntu, lapho-ke lowo muntu ofaka isicelo kuyofanele ukuthi alethe ubufakazi besikhundla yena njengomfakisicelo akwenza ngaphansi kwaso lokho futhi lokho akwenze ngendlela ephusile neyokwanelisa Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi.

Uma lowo muntu ofake isicelo engakwazi ukugcwalisa ifomu elishiwo ngoba engafundile noma ngenxa yokukhubazeka, lowo muntu-ke uvumelekile ukufaka isicelo ngomlomo. Kodwa-ke umfakisicelo kusuke kusafanele ukuthi akhokhe imali enqunyiwe, ngaphambi kokuba kuze kube khona nje okwenziwayo mayelana nesicelo sakhe.

27.8. Izimali ezikhokhwayo

UMthetho uphasisa izinhlobo ezimbili zezimali okufanele ukuthi zikhokhwe:

- Imali yesicelo, nokuyoba yimali emile nje nenqunyiwe, kanye nemali yokufinyelela, neyobalwa ngokubheka izinto ezifana nezindlelo zokukhiqiza, ukucwaninga kanye nesikhathi sokulungisa lelo rekhodi kanye nezindleko, kuhlenganisa ngisho nanemali yokuposa imbala.
- Uma isicelo sifika Kwisikhulu Esihlinzeka Ngolwazi, leso sicelo-ke, ngokwesaziso, siyodinga ukuthi umfakisicelo, uma kungesiyena umfakisicelo ozicelela yena ngokwesiqu sakhe, akhokhe imali okudingeka ukuba ayikhokhe (uma ikhona), ngaphambi kokuba leso sicelo sakhe size sedluliswe.
- Uma lelo rekhodi kuye kwaphenywa ukuze litholakale futhi lalungiswa ukuze lidalulwe (kuhlenganisa nokuhlela ukuthi lelo rekhodi litholakale ngendlela elicelwe ngayo, futhi lokho kudle isikhathi esingamahora angaphezu kwalawo ashiwo wumthetho oqondene nale nhloso, isikhulu esihlinzeka ngolwazi kuyofanele ukuthi sazise umfakisicelo ukuthi akhokhe idiphazithi yalelo nani lemali elinqunyiwe nokuyofanele ukuthi umfakisicelo alikhokhe uma isicelo leso sesiphasisiwe.
- Isikhulu Esihlinzeka Ngolwazi siyolubamba ulwazi singaludedeli kuze kuba umfakisicelo ukhokha imali eshiwo ngenhla.
- Umfakisicelo isicelo sakhe sokufinyelela kwirekhodi elithile esiye saphasiswa savunywa, lowo mfakisicelo kuyofanele ukuthi akhokhe imali yokufinyelela emaqondana nokukhiqizwa kanye nokuphenywa kwirekhodi futhi aphinde akhokhele ngisho nanoma yisiphi isikhathi esiphusile nokuye kwadingeka ukuthi sichithwe kufunwana nalelo rekhodi futhi kufanele ukuthi kube ngamahora angale kwalawo anqunyiwe lapho kuphenywa futhi kulungiswa lelo rekhodi ukuze lidalulwe, kuhlenganisa ngisho nokwenza izinhlelo zokuthi lelo rekhodi litholakale ngendlela elicelwe ukuthi litholakale ngayo.
- Uma kunediphazithi ebisikhokhiwe mayelana nesicelo sokufinyelela, bese leso sicelo siyachithwa, leso sikhulu esihlinzeka ngolwazi esithintekayo lapho kuyobe sekuba wumsebenzi waso ukubuyisela emuva idiphazithi leyo eyobe isikhishiwe iye kumfakisicelo obeyikhiphile.

Ithebula 1: Izimali ezikhokhelwa Izikhungo Zomphakathi

Lezi zimali ezilandelayo yizimali okuyofanele ukuthi zikhokhwe:

INCAZELO	INANI (R)
Imali yesicelo ekhokhwa yinoma yimuphi umfakisicelo	35.00
Imali yekhophi yebhukwana njengalokhu kushiwo ngokwesiqondiso 5(c) (kwifothokhophi ngayinye eyikhasi elingu A4 noma ingxenye yalokho)	0.60
Izimali zokukhiqiza okukhulunywe ngazo kwisiqondiso 7(1) zimi ngale ndlela elandelayo:	

1) Ifothokhophi ngayinye ewubukhulu bekhasi elingu-A4 noma ingxenye	0.60
2) Ikhophi ngayinye ephrintiwe yobukhulu bekhasi elingu-A4 noma ingxenye egcinwe kwikhompyutha noma kwisimo sethekhnoloji noma efundwa ngomshini	5.00
3) Ikhophi efundwa ngekhompyutha:	
a) kwidiski yestifi	5.00
b) kwicwecwe lediskhi (elifundekayo)	40.00
4) Imibhalo yezithombe ehunyushiwe:	
a) ikhasi lobukhulu obungu-A4 noma ingxenye yalo	22.00
b) ikhophi yezithombe ezibukwayo	60.00
5) Umbhalo oyirekhodi elilalelwayo:	
a) ikhasi lobukhulu be-A4 noma ingxenye yalo	12.00
b) ikhophi yombhalo olalelwayo	17.00
Izimali zokufinyelela ezikhokhwa umfakisicelo zimi ngale ndlela elandelayo:	
1) Ifothokhophi ngayinye ewubukhulu bekhasi elingu-A4 noma ingxenye	0.60
2) Ikhophi ngayinye ephrintiwe yobukhulu bekhasi elingu-A4 noma ingxenye egcinwe kwikhompyutha noma kwisimo sethekhnoloji noma efundwa ngomshini	0.40
3) Ikhophi efundwa ngekhompyutha:	
a) kwidiski yestifi	5.00
b) kwicwecwe lediskhi (elifundekayo)	40.00
4) Imibhalo yezithombe ehunyushiwe, ikhasi lobukhulu obungu-A4 noma ingxenye yalo	22.00
5) Umbhalo oyirekhodi elibukwayo	60.00
6) Ukugaywa kwerekhodi elilalelwayo,	
a) ikhasi lobukhulu obungu-A4 noma ingxenye yalo	12.00
b) ikhophi yerekhodi elilalelwayo	17.00
Ukusesha kokudalulwa kwerekhodi, kuba wuR15.00 kwihora ngalinye noma ingxenye yehora, ukukhipha ihora lokuqala, elidingekayo ngenxa yalokho kusesha kanye nokulungisa.	
Imali yokuposa yangempela ekhokhwayo uma ikhophi yerekhodi kufanele ukuthi ithunyelwe ngeposi kumfakisicelo. Izindleko zokuposa ziyoya ngendawo lelo rekhodi eliposwayo elithunyelwa kuyo.	

27.9. Ukwenqatshwa kwesicelo kanye nokwedluliswa kwalokho kwenqatshwa kwesicelo

- Umfakisicelo kumele aqaphele isigaba 7(1) se-PAIA nesho lokhu okulandelayo:
 “ Lo Mthetho awusebenzi kwirekhodi lesikhungo somphakathi noma esizimele uma—
 (a) lelo rekhodi licelelwa inhloso yecala lobugebengu noma yecala lamademeshe;

(b) lelo rekhodi licelwe ngemuva kokuqala kwecala lobugebengu noma lamademeshe, kuye ngokuthi yikhona kuphi okwenzekayo; futhi

(c) ukukhiqizwa noma ukufinyelela kulelo rekhodi ngokwenhloso eshiwo kupharagrafu (a) kunikwe kunoma ngabe yimuphi omunye umthetho.

(d) izicelo zalolo lwazo olusezandleni ze-DST kucace bha ngokombono ophusile ukuthi akuthi shu futhi uma ukubheka nje uyazibonela ukuthi kudlalwa ngamathuba futhi kwenziwa okungafanele ngezinsiza."

Uma isigaba 7(1) sisebenza, lokho kuyosho ukuthi angeke wena ukwazi ukufaka isicelo ngokwemibandela ye-PAIA.

- Izizathu zokwenqaba ezibalulwe Kwingxenye 2 Yesahluko 4 kanye Nakwingxenye 3 Yesahluko 4 se-PAIA kumele ukuthi ziqashelisiswe kakhulu uma kwenziwa isicelo.
- Umfakisisicelo uvumelekile ukuthi angafaka isicelo sangaphakathi sokwedluliswa kokuchithwa kwesicelo yisikhulu esihlinzeka ngolwazi se-DST ukunikezela ngesicelo sokufinyelela olwazini oluthile kanti lokho angakwenza ngokubhekisa isicelo sakhe kulabo abanamandla afanele.
- Umuntu oseceleni nje uvumelekile naye ukuthi angafaka isicelo sangaphakathi sokwedluliswa kokuchithwa kwesicelo yisikhulu esihlinzeka ngolwazi se-DST ukunikezela ngesicelo sokufinyelela olwazini oluthile.

27.10. Indlelayo kwedluliswa kwesinqumo sokwenqatshwa kwesicelo kanye nezimali zokwedlulisa isinqumo

Isicelo sokwedluliswa kokungaphumeleli kwesicelo singenziwa kwifomu elifanele:

- Zingakapheli izinsuku zokusebenza ezingama-60;
- Uma kunesidingo sokuthi kube nesaziso esiya komunye umuntu oseceleni, kufanele ukuthi zingakapheli izinsuku ezingama-30 kusukela leso saziso sihanjise kulowo mfakisisicelo mayelana naleso sinqumo okungenelisekiwe ngaso; or
- Uma kudingeka ukuthi kube nesaziso esithunyelwa kulowo owedluliswa isicelo, ngemuva kokuba sekuthathwe isinqumo kufanele ukuthi sihanjise noma sithunyelwe kwisikhulu esihlinzeka ngolwazi sakwa-DST;
- Kufanele ukuthi isihloko sokwedlulisa isinqumo sishiwo futhi kubalulwe nezizathu zokwedluliswa kwesinqumo kanti kufanele futhi kufakwe noma ngabe yiluphi olunye ulwazi olubalulekile alwaziyo lowo owedluliswa isinqumo;
- Uma, ngaphezu kwempendulo ebhalwe phansi, lowo owedluliswa isinqumo efisa ukuthi aziswe ngesinqumo ngenye indlela, kuyofanele ukuthi ayisho leyo ndlela ayobe efisa ukwaziswa ngayo bese futhi ehlinzeka ngemininingwane emayelana naleyo ndlela;

- Uma kufanele, kuyofanele ukuthi kuphelezwe yimali yakhona efanele, futhi kufanele ukuthi kucacise ikheli leposi noma inombolo yesikhahamezi; futhi
- Uma ukwedluliswa kwesinqumo kwenziwe ngemuva kokuphela kwesikhathi esinqunyiwe sokwedluliswa kwezinqumo esishiwo, labo abanamandla okubhekana nalokhu kwedluliswa, uma sebethole izizathu ezizwakalayo, bakuvumele ukuthi kuqhubekela phambili lokhu kwedluliswa kwesinqumo yize kuyobe sekwedlulelwe yisikhathi.

Uma labo abasemandleni nasemagunyeni abafanel bekuchithwa ukufakwa kokwedluliswa kwesinqumo sekwedlule isikhathi, lowo owedlulisa leso sinqumo kuyofanele ukuthi ahlinzeke ngesaziso kulowo muntu okunguyena obefake isicelo sokwedlulisa isinqumo. Lowo muntu ongabe efake ukwedluliswa kwesinqumo kuyofanele ukuthi akhokhe imali efanele ekhokwayo (uma ikhona imali ekhokhwayo) emaqondana nokwedlulisa kwakhe isinqumo, bese kuthi isinqumo esingabe sesedluliselwe ukuthi sibuyekwe kabusha bese senziwa kancane amancozuncozu kuze kuba leyo mali okudingeka ukuba ikhokhwe ikhokhwa yonke ngothi lwayo. Bese kuthi ngokushesha okukhulu ngendlela okungenzeka ngayo, kodwa noma ngabe yinini-ke zingakapheli izinsuku zokusebenza eziyi-10 ngemuva kokuthola ukwedluliswa kwesinqumo, isikhulu esihlinzeka ngolwazi se-DST kuyofanele ukuthi sihambise lokho kwedluliswa kwesinqumo kulabo abasemandleni nasemagunyeni afanele ukubhekana nalokho kwedluliswa kwesinqumo:

- Ukwedluliswa kwesinqumo kuhlenganisa nezizathu zokungeneliseki ngesinqumo leso esedluliswayo; futhi
- Uma ukwedluliswa kwesicelo kumayelana nokwenqatshwa noma nokuhlinzekwa kwelungelo lokufinyelela, igama, ikheli leposi, ikheli lobhalonyazi, inombolo yocingo kanye neyesikhahamezi, noma ngabe yikuphi-ke okukhona, kwalowo muntu wesithathu oseceleni kufanele kuvezwe futhi kube yindlela yokwazisa ngesicelo leso.

9.11Ukuhlinzeka ngelungelo lokufinyelela kumarekhodi

Kuye ngokuthi izinqubo ze-PAIA zithini, ukufinyelela kumarekhodi acelwe kwi-DST kuyohlinzekwa kuphela uma -

- Zonke izidingo zezinqubo ezibalulwe kwi-PAIA ezimayelana nesicelo kuye kwahlangatshezwana nazo; futhi
- Ukufinyelela kumarekhodi aceliwe kunganqatshiwe ngokwemibandela yokwenqaba ebalulwe kwi-PAIA.
- Izizathu zokwenqaba noma zokuchitha isicelo zibalulwe Kwingxenye 2 Yesahluko 4 kanye Nakwingxenye 3 Yesahluko 4 kanti phakathi kwazo zifaka lezo eziyimpoqo ezimayelana nokuvikelwa kwalokhu-
 - (a) ulwazi lokuthengisa oluqondene nabantu noma nezinkampani eziseceleni;

- (b) ulwazi oluthile oluyisifuba;
- (c) ukuphepha kwabantu abathile kanye nokuvikelwa kwempahla ethile;
- (d) amarekhodi athile ayimfihlo avele ekukhigizweni kwezinto ezithile ezimayelana nokusebenza komthetho;
- (e) izinto ezithinta ezomnotho noma impilakahle yezezimali yeRiphabhlikhi kanye nemisebenzi yezomnotho yeRiphabhlikhi;
- (f) ulwazi locwaningo lwabantu abaseceleni kanye nokuvikelwa kolwazi lophenyo lwesikhungo somphathi; noma
- (g) ulwazi oluthile olumayelana nokusebenza kwezikhungo zomphakathi.

10. Okunanyathiselwe A: Ulwazi oluvame ukutholakala kuwebhusayithi ye-DST

- Ulwazi oluvamile lwe-DST
 - Uhlaka lokuma koMnyango
 - Umbono, Umbono & Amagugu
 - UMnyango
 - Uhla lokuxhumana
- Izindawo I-DST Egxile Kuzo Kakhulu
 - Ucwangingo
 - Ophathina bocwaningo
 - Ulwazi mayelana nokuthola izimali zocwaningo
 - Ukusungula
 - Imininingwane yokuxhumana ukuthola usizo lokuxhaswa ngezimali
 - Abantu abasha
 - Izindawo ezinhle nezingavakashelwa
 - Izinto ezenziwa zibonwe
 - Amaqiniso
 - Ukuxhumana okukusa kumawebhusayithi Ezesayensi kanye Nobuchwepheshe
 - Imisebenzi
 - Usizo Lokuxhaswa Ngezimali
 - I-Careers beyond 2000
 - Ama-BioCareers
- Amathuba emisebenzi kwezesayensi nobuchwepheshe
- Uhlelo Lwentela Lokuhlonyuliswa nge-R&D
 - Imihlahlandlela, amabhukwana kanye namafomu

- Imithetho kanye namanye amadokhumenti ahambisana Nohlelo Lokuhlonyuliswa Ngentela ye-R&D Tax
- Imibuzo Evame Ukubuzwa
- Lapho Kugcinwe Khona Izindaba
 - Izinkulumo Ezigciniwe
 - Izingxoxo Eziya Emithonjeni Yezokwazisa
 - Lapho kukhulunywa khona nge-DST ezindabeni
 - Okwenzeka ePhalamende
 - Izethulo
 - Izethulo ezenziwa kwi-DST 2006/7 Umbiko Waminyaka Yonke Oya ePhalamende
 - Izethulo Kwisithangami Senqubomgomo ye-S&T. Japan, Juni 2005
 - Izethulo ezenziwa wuNks Anita Canca
 - Intuthuko Yokuthuthukiswa Kwamandla eNingizimu Afrika
 - Isayensi, Ubuchwepheshe kanye Nokusungula
 - I-GEOSS Initiative
 - Ukuhlolwa Kwesikhashana Kwemithelela Yohlelo Lwamandla Kazwelonke lwe-R&D
 - I-Science, Technology and Innovation: Case study of the SA Policy Environment
 - I-Comparative Advantages and Global Research Infrastructure Partnerships
 - I-SA Science and Technology System
 - Izethulo ezinziwa kwi-SA National Editors' Forum (SANEF); 22 Novemba 2003
 - I-Sector-wide Science and Technology Programme Proposal
 - Izethulo ezenziwa mhlaka 15 Julayi 2004, eBrussels.
 - Izethulo Kwinkomfa Yesine Yomhlaba Kumakhosikazi Asemakhaya.pdf
 - I-OECD Review of the SA National System of Innovation
 - I-Corporate Strategy 2008
 - Umthethosivivinywa i-National Space Agency Bill. PPT
 - Izindaba ezithinta i: India-Brazil-South Africa (IBSA)
 - Isithangami Mayelana Nesayensi Yomkhathi kanye Nezinkanyezi
 - Umsakazo i-Science and Technology Awareness Radio
 - Ikhalela Lezinhlalo Ezizoba Khona
 - Iphepha Lezindaba Le-DST
 - Iphepha Lezindaba Lazinyanga Zonke Le-SKAO
 - Izitatimende zeKhabhinethi

- I-SADC
- Imibhalo Yemibono
- Isikhungo Sezinsiza
 - Imibiko Yaminyaka Yonke
 - Imithetho
 - Amacebo kanye Nemibiko
 - Icebo Lokusebenza Kwe-DST ngo: 2010-13
 - Imibiko Ngalokho Okuzokwenziwa
 - Imibiko Yocwaningo Nentuthuko
 - Imibiko Yamaphrojekthi
 - Amaphephandaba
 - Imibiko Yokubuyekiswa Kokusebenza Kongqongqoshe
 - Imikhiqizo Yolwazi
 - Ingqalasizinda Yocwaningo
 - Ingqalasizinda Yezomoya
 - Ama-Coffee Table Books
- Isithangami Kwisayensi Yezomoya kanye Nezinkanyezi
- Izinsizakalo
 - Izikhungo Zokwenza Imisebenzi Enhlobonhlobo
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Biomedical TB Research
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Invasion Biology
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Strong Materials
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Birds as Keys to Biodiversity Conservation at the Percy Fitzpatrick Institute
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Catalysis
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Tree Health Biotechnology at FABI
 - Isikhungo i-Centre of Excellence in Epidemiological Modelling and Analysis
- Uhlelo Lokuhlonyuliswa Ngentela lwe-R & D Tax
- I-S&T Landscape
- Iphephandaba Lezindaba Zasemkhathini
- I-Sumbandilasat
- I-Science and Technology Awareness Radio (STAR)
 - Ingxoxombono yangoJuni 2010
 - Ingxoxombono yangoMeyi 2010 - eMaropeng

- Ingxoxombono yango-Ephreli 2010 - ngeSquare Kilometre Array (SKA)
- Ingxoxombono yangoMashi 2010
- Ingxoxombono yangoJanuwari 2010
- Ingxoxombono yangoDisemba 2009
- Ingxoxombono yangoNovemba 2009
- Ingxoxombono yango-Okthoba 2009
- Ingxoxombono yangoSepthemba 2009
- Ingxoxombono yango-Agasti 2009
- Amathenda
 - Uhlaka lwenqubomgomo yokuthengwa
 - Izimpendulo kwizimemezelo zamathenda
 - Labo abanamathenda noMnyango kumanje
- I-NSW10 proposal template FINAL.doc
- Imisebenzi
 - Imihlahandlela mayelana nokubhalisa kwimisebenzi yakwa-DST
 - Amathuba akamuva emisebenzi
 - Uxhumana olukuyisa kwifomu elingu: Z83
 - Imihlomulo yokusebenzela i-DST
 - Ukubhaliswa Nge-Intanethi Ukuze Ube Sohlwini Lwabantu Abahlinzeka Ngezinsizakalo
- Isikhungo Esiyisizinda Solwazi
- Ukuxhumana
 - I-COFISA
 - Izethulo
 - Amadokhumenti
- I-Square Kilometre Array (SKA)
- Shanghai
 - 2010 Shanghai Expo - Izithombe
 - South Africa at Expo 2010: Indawo Yezithombe
- I-German South Africa Year of Science 2012/13
- Ukwesekwa kwebhajethi yesikhungo
- I-SAFIPA
Ingqungquthela yomhlaba yokushintsha kwezinto
- I-PRIAP

- Ukwesekwa okuvamile ekwenziweni kwebhajethi
- I-Performance Information Management System (PIMS)
- Izinkampani ezingaphansi koMnyango
 - I-Technology Innovation Agency
 - I-Human Sciences Research Council
 - I-Academy of Science of South Africa
 - I-South African National Space Agency
 - I-Council for Scientific Research and Industrial Research
 - I-Agency for Science and Technology Advancement
 - I-National Intellectual Property Management Office
 - I-National Research Foundation
 - I-Astronomy Management Authority
 - Imininingwane yokuxhuma

11. Okunanyathiselwe B: Izihloko kanye nezinhlobo zamarekhodi okungaphansi kwezandla ze-DST

Uhlelo/Uhlelo Olungaphansi	Isihloko Samarekhodi
UHLELO 1: EZOKUPHATHA	
Uhlelo 1A. Izinsizakalo Zokuphatha	
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Isikhulu Esiphezulu Esiphethe Ezezimali (CFO)	
Ukuphathwa Kwezimali (Management Accounting)	Ama-Estimates of National expenditure (ENE) Medium Term Expenditure Framework (MTEF), Ama-Adjusted Estimates of National Expenditure (AENE) Imibiko yokwexwayisa kusenesikhathi, imibiko mayelana nokumoshwa nokusetshenziswa kwezimali, umbiko mayelana nokuhamba kahle kwemali.
I-Financial Accounting	Izitatimende zezimali, Izinto ezikhona kanye Nalezo Ezikweletwayo, Imibiko Ngezimali Zikazwelonke, Izitifiketi Zokwenza Izinto Ngendlela ngokulandisa kokusebenza kwezimali kuHulumeni kazwelonke, Izitatimende zezimali zesikhashana nezonyaka kanye namarekhodi akho konke ukusetshenzwa kwezimali maqondana nezimali ezingenile eMnyangweni, Ukusebenza Kwazo, Ezimoshiwe, Ezikhona kanye Nezikweletwayo.
Ukuphathwa Kohlelo Lokwedluliswa Kwezinhlobo	Izinqubomgomo kanye Nezinqubo Zokuphathwa Kohlelo Lokwedluliswa Kwezinhlobo; Isizinda salabo abasebenzela uMnyango; Izinto ezibekwe yilabo abasebenzela uMnyango; Amadokhumenti okubhida, kuhlenganisa namaminithi ekomidi elilawula ukuthi ubani othola ithenda, Izethulo mayelana namabhidi, Ukuqinisekiswa kwemikhiqizo kanye nemibandela yokusebenza, Amaminithi emihlangano nabahlinzeki ngezinsiza; Izethulo mayelana nokuchithwa kwezinto zoMnyango, Irejist yezinto zoMnyango; Amaminithi ekomidi elilahla izinto zoMnyango; Ukuphathwa kwezimoto zoMnyango; Izinhlelo zokuphatwa kwezimali nezinto ezikhona kanye nalezo

Uhlelo/Uhlelo Olungaphansi	Isihloko Samarekhodi
	ezikweletwayo eMnyangweni; Amadokhumententi amathenda, kuhlenganisa namathenda anikezwe abantu.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Isikhulu Esiphezulu Esibhekele Ezezimali	
Uhlelo Lolwazi Lwezokuxhumana	Uhlelo Lokutakula; Izinqubomgomo ze-IT, Amabhukwana ezinqubo nokwenziwa, ama-Master Services Plan, Iqhinga le-IT.
Ulwazi kanye Nokugcinwa Kwamarekhodi	Iqhinga Lokulawula Ukugcinwa Kwamarekhodi kanye Nenqubomgomo, Iqhinga Lokulawula Amarekhodi, Ibhukwana le-PAIA.
<u>Uphiko:</u> Olwezokuphepha	Izinqubomgomo zokuphepha kanye nezinqubo; Imibiko mayelana nokusebenzelana kwezokuphepha; Ividiyo yalokho okwenziwa kwisakhiwo
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Ezomthetho	Imithetho kanye neziqondiso kwe-DST, Izivumelwano, Imibono yezomthetho kanye nenqolobane yezinkampani ezivaliwe, izinqubomgomo zemithetho, ibhukwana lokwenza izinto ngendlela.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Kwa-Human Resource	
Izinhlelo Ezikhethekile	Amaqhingana akwa-HR, Izinqubomgomo, Izinqubo kanye Namacebo; Izinhlelo Zokulinganisa Ukumeleleka Kobulili Obuthile: Izinhlelo Zokusizakala Kwabasebenzi; Imibiko Yokusizwa Kwabasebenzi; Imigomo YeBatho Pele; Izinqubo Zokufaka Izikhalazo kanye Nokuqondiswa Izigwegwe; Umbhalo Wezipho.
Ukuphathwa Ngendlela Kwethalente kanye Nokuthuthuka Kwenhlangano	Amaqhingana akwa-HR, Izinqubomgomo, Izinqubo kanye Nezinhlelo; Ukukalwa Kwemisebenzi kanye Nemibiko Yokwenziwa Komsebenzi.
Uhlelo 1B. Isikhulu Esiphezulu Esiphethe Ezokusebenza	
Ihhovisi LikaMqondisi-jikelele	Izethulo zoNgqongqoshe kanye no-DG Ukulawulwa Kwengcuphe

Uhlelo/Uhlelo Olungaphansi	Isihloko Samarekhodi
Uhlelo Olungaphansi: Ukuhlela Inqubomgomo, Ukubheka Ukubusa kanye Nokubuyekeza (PPGM&E)	Imibiko Yaminyaka Yonke ye-DST; Uhlelo Lwebhizinisi; Ulwazi oluyimibiko emayelana nokusebenza; Ukubuyekezwa kwesikhungo kanye nezinhlelo kuhlenganisa namadokhumenti akwesekayo lokho; Amaminithi emihlangano; Ukuxhumana nezinhlelo ezingaphansi kwe-DST (amaminithi amaforamu – Osihlalo, aka-CEO no-CFO); Imibiko yokusebenza kwabasebenzi kanye nokunconywa kwabo; Izinhlelo kanye nemihlahlandlela; Imibiko ekhomishiwe.
Uhlelo Olungaphansi: Ukucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi	Amaminithi Ekomidi Lokucwaningwa; Imibiko Yokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi; Imibiko Yamakomidi Okucwaningwa Kwamabhuku, Imiqulu, Izivumelwano Zokuhambisana.
Uhlelo Olungaphansi: Ukuxhumana Kwesayensi	Izinkulumbo; Ukuxhumana kwangaphakathi; Okucashunwe kwimibiko yocwaningo; Izithombe.
I-HR Sourcing and Maintenance	Amaqhaqha akwa-HR, Izinqubomgomo, Izinqubo kanye Namacebo; Amafayela Aqondene Nabasebenzi; Ukubhaliswa Kwezikhathi Zekhefu.
Uhlelo Olungaphansi: uMkhandlu i-National Advisory Council on Innovation (NACI)	Ukuqokwa kwabantu, Ukwamukelwa kanye Nokuchithwa Kwamalunga Omkhandlu; Amakomidi Amakhulu kanye Namancane; Ukulawulwa Kocwaningo.
UHLELO 2: UKUTHUTKISWA KOPHENYO KANYE NOKUSUNGULA	
Ihlovisi Lesekele LikaMqondisi-Jikelele	
Uhlelo Olungaphansi: Ubuchwepheshe Bempilo kanye Nezempilo	Amaqhaqha; Izikhungo ama-Centres of Competence; iziqondiso; izincwadi, izinqumo kanye nokuxhumana Nezikhungo; Izinselelo Ezinkulu Zokusuka ku-Farmer kuya ku-Pharma; izicelo ze-GMOs (ezingenalo ulwazi oluyisifuba).
Uhlelo Olungaphansi: Isayensi Yomkhathi	Ukwenza ngcono izinto zokuthi kukwazi ukuthi kufinyeleleke kwizikhungo ezingama-Satellite Application Centres.

Uhlelo/Uhlelo Olungaphansi	Isihloko Samarekhodi
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Izinto Eziphambili Okumele Zisungulwe kanye Nezinhla	Indlela Yokusebenza Yezimali Ezitholakala nge-R&D.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Ukuthuthukiswa Kolwazi Kwizinhla Zolwazi Lomdabu	Ukulawulwa Kolwazi; Amadokhumentu Ocwaningo Mayelana Nezinhlelo Zolwazi Lomdabu kanye Nemibiko – bheka ku www.NIKSO.dst.gov.za ; Uhlelo Lukazwelonke Lwamarekhodi.
UHLELO 3: UKUBAMBISANA NAMAZWE OMHLAKA KANYE NEZINSIZA	
Ihhovisi lika-DDG	
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Ukubambisana Okukabili Kwaphesheya Kwezilwandle	Izivumelwano
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Izinhla Zamazwe Omhlaba	Amabhukwana amaprojekthi Ukuxhumana namawebhusayithi amaprojekthi athile Isithangami seprojekthi kanye nezithangami zokucobelelana ngolwazi
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Ukubambisana Okuningi kanye ne-Afrika	Ukuzwana Amathuba okufunda Amapheshana eminyango Imibiko yokuhlanganyela
UHLELO 4: ABANTU KANYE NEZINHLAKA ZOLWAZI LOKUSEBENZA	
Ihhovisi lika-DDG	
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Isayensi Eyisisekelo kanye Nengqalasizinda	Ukwenza ngcono ukubambisana okunamaqhinga kanye nezinhlelo zokuthuthukisa ingqalasizinda entsha yokucwaninga kanye nokufinyelela kwingqalasizinda entsha.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Abantu & Ukukhuthazwa Kwesayensi	Izikhungo ezingama-Centres of Excellence; Osihlalo Bokucwaninga; Imibiko Yocwaningo; Ulwazi Lwemifundaze.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> <u>Ukusetshenzwa Kwezinkanyezi</u>	Ulwazi Mayelana ne-Square Kilometre; bheka ku: www.SKA.ac.za ; Izinhlelo zokulawula ukusetshenzwa kwezinkanyezi kanye neziqondiso; Izifungo.
UHLELO 5: UKUBAMBISANA KWEZENHLALAKAHLE YOMNOTHO	

Uhlelo/Uhlelo Olungaphansi	Isihloko Samarekhodi
Ihhovisi Lesekele LikaMqondisi-Jikelele	Izinselelo Ezinkulu, nezinhlelo zokwenza kanye namadokhumenti akhuluma ngezinto ezithile; Izinhloko zamaqhinga.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> Ukutshala Izimali Kwisayensi & Ubuchwepheshe	Ucwaningo kanye nemibiko mayelana nezibalo ezenziwe; Izimpendulo zezinkampani ezahlukeni kucwaningo olwenziwe.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> I-S&T Umthelela Kwezenhlalo: Ukusungula Ukuze Kube Nentuthuko Edidiyelwe	Ukwakha ubudlelwano kanye nokuhlinzeka ngokweseka kwezokutshalwa kwezimali kanye nokwenziwa kwezikhwama zokugcinwa izimali.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> I-S&T Umthelela Kwezomnotho: Ukulungiswa Kwendawo kanye Nomnotho Oluhlaza	Imibiko Yokugcina Yokugcwaninga.
<u>Uhlelo Olungaphansi:</u> I-S&T Umthelela Kwezomnotho: Ukwenziwa Kwezobuchwepheshe Zakuleli kanye Nokwakha Okujulile	Amaqhingana Ulwazi olumayelana nobunikazi kanye nolwazi oluvikelekile; Uhlelo Lokwenza Ubuchwepheshe Bakuleli; Uhlelo Lokulawula Izinto; Imihlahlandlela Yokusizakala Ngobuchwepheshe.

Okunanyathiselwe C



IRIPHABHLIKHI YASENINGIZIMU AFRIK

IFOMU A

ISICELO SOKUFINYELELA KWIREKHODI LESIKHUNGO

SOMPHAKATHI

Isigaba 18(1) soMthetho Wokufinyelela Olwazini ka 2000

(uMthetho onguNo 2 ka 2000)

[Isiqondiso 2]

KUQONDENE NOMNYANGO KUPHELA LOKHU

Inombolo Yereferensi: _____

Isicelo samukelwe wu _____ (yisho isikhundla, igama kanye
nesibongo sesikhulu esihlinzeka ngolwazi/isekela lesikhulu esihlenzeka ngolwazi) mhlaka
_____ (usuku) e _____ (indawo)

Imali yesicelo (uma ikhona): R _____

Idiphozithi (uma ikhona): R _____

Imali yokufinyelela: R _____

Isignesha Yesikhulu Esihlinzeka Ngolwazi/Yesekela Lesikhulu Esihlinzeka Ngolwazi

A. Imininingwane yesikhungo somphakathi

Inhloko:

B. Imininingwane yomuntu ocela ukufinyelela kwirekhodi

- a) Imininingwane yomuntu ocela ukufinyelela kwirekhodi kufanele ihlinzekwe lapha ngezansi.
- (b) Nikeza ikheli kanye/noma inombolo yesikhahlamezi eRiphabhlikhi ulwazi lapho ulwazi kufanele luthunyelwe khona.
- (c) Ubufakazi besikhundla isicelo esenziwa ngaphansi kwaso, uma kunjalo, kufanele buhambisane nesicelo.

Amagama aphelele nesibongo:

.....			
-------	-------	-------	-------

Inombolo kamazisi:

Ikheli leposi:

Inombolo yocingo: (.....)..... Inombolo yesikhahlamezi:
(.....).....

Ikheli lobhalonyazi:

Isikhundla isicelo esenziwa ngaphansi kwaso, uma senziwa egameni lomunye umuntu:

C. Imininingwane yomuntu ofakelwa isicelo

Lesi sigaba kufanele sigcwaliswe KUPHELA uma isicelo solwazi senziwa egameni lomunye umuntu.

Amagama aphelele nesibongo:

.....			
-------	-------	-------	-------

Inombolo kamazisi

D. Imininingwane yerekhodi

- (a) Hlinzeka ngemininingwane egcwele yerekhodi okucelwa ukufinyelelwa kulo, kuhlenganisa nenombolo yereferensi uma uyazi, ukuze irekhodi likwazi ukuthi litholakale.
- (b) Uma indawo ehlinzekiwe ingenele, uyacelwa ukuba ubhale ephepheni eliseceleni bese ulinamathisela kuleli fomu.

1. Ukuchazwa kwerekhodi noma ingxenye efanele yerekhodi:

.....

.....

.....

.....

FORMA: REQUEST FOR ACCESS TO RECORD OF PUBLIC BODY

2. Inombolo yereferensi, uma ikhona:

.....

.....

.....

.....

3. Noma yimiphi eminye futhi imininingwane yerekhodi:

.....

.....

.....

.....

E. Izimali ezikhokhwayo

- | | |
|-----|--|
| (a) | Isicelo sokufinyelela kwirekhodi, ngaphandle kwirekhodi eliqukethe ulwazi oluqendene nawe ngqo, siyokwenziwa kuphela ngemuva kokuba imali yesicelo isikhokhiwe. |
| (b) | Uyokwaziswa ngenani lemali elidingeka ukuba likhokhwe njengemali yesicelo. |
| (c) | Imali ekhokhwayo ukufinyelela kwirekhodi yencike kwindlela ukufinyelela lokho okufiswa ngayo kanye nesikhathi esiphusile sokusesha kanye nokulungisa irekhodi. |
| (d) | Uma wena ufaneleka ukuthi ungakhokhiswa zimali ngokucela ukufinyelela kwirekhodi elithile, uyacela ukuba usho isizathu sokufaneleka kwakho ngalokho kungakhokhiswa kwakho. |

Isizathu sokungakhokhiswa izimali zokucela irekhodi:

.....

.....

.....

.....

.....

IFOMU A: ISICELO SOKUFINYELA OLWAZINI LWESIKHUNGO SOMPHAKATHI

F. Indlela yokufinyelela kwirekhodi

Uma ungakwazi ukufunda ngenxa yokuphila nokukhubazeka, kumbe ungakwazi ukubuka noma ukulalela irekhodi ngokwendlela yokufinyelela kwirekhodi ehlinzekwe ku-1 kuya ku-4 lapha ngezansi, yisho indlela okhubazeke ngayo bese uchaza ukuthi ulidinga ngayiphi indlela irekhodi lelo na.

Ukuphila Nokukhubazeka:	Indlela irekhodi lelo elidingeka ngayo:
Maka ibhokisi elifanele ngophawu olungu- "X".	
AMANOTHI:	
(a) Ukuhambisana nesicelo sakho sokufinyelela kwirekhodi ngendlela eshiwo ungenzeka kuncike kwindlela irekhodi elitholakala ngayo.	
(b) Ukucela ukufinyelela ngendlela okwenziwe ngayo kungenzeka ukuthi kwenqatshelwe ezimweni ezithile. Esimweni esifuze leso-ke uyokwaziswa ukuthi ngabe ukufinyelela lokho kungenzeka yini unikezwe imvume yakho ngenye indlela.	
(c) Imali ekhokhwayo ngokufinyelela kwirekhodi, uma ikhona eyokhokhwa, kuyoba yimali ngakolunye uhlangothi eyonqumeke ngenxa yohlobo lokufinyelela olwazini oluyobe luceliwe.	

1. Uma irekhodi lelo lingelibhalwe phansi noma eliphrintiwe:					
	ikhophi yerekhodi *		ukuhlolwa kwirekhodi		
2. Uma irekhodi kuyizithombe ezibukwayo - (lokhu kufaka phakathi izithombe ezishuthiwe, eziwubukhazikhazi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezenziwe)					
	buka izithombe		kopisha izithombe*		imibhalo echaza izithombe *
3 Uma irekhodi kungamazwi aqoshiwe noma imininingwane engakwazi ukuthi ibuye ihlinzekwe ngomsindo::					
	ukulalela umsindo lowo		ukubhalwa phansi komsindo olalelwayo *		
4. Uma irekhodi likwikhompiyutha noma kwinto eyi-elektronikhi noma kwindlela efundeka ngomshini othile:					
	ikhophi ephrintiwe yerekhodi *		ikhophi ephrintiwe yolwazi olutholwe kwirekhodi *		ikhophi kwindlela yekhompiyutha efundekayo (i-stiffy noma

* Uma ngabe wena wawucele ikhophi noma irekhodi eselibhalwe phansi (ngenhla), ngabe ungathanda ukuthi ikhophi noma irekhodi eselibhalwe phansi liposwe lize kuwe? Uyokhokhiswa imali yokuposa	YEBO	CHA
---	------	-----

G. Imininingwane yelungelo eliding ukwenziwa noma ukuvikelwa

Uma lesi sikhala onikwe sona singenele kahle, uyacelwa ukuba uqhubeke ephapheni elinye eliseceleni bese ulinamathisela kuleli fomu.
Umfakisicelo kufanele ukuthi awasayine lawo maphepha okwengeza.

1. Yisho ukuthi yimaphi amalungelo adinga ukwenziwa noma ukuvikelwa:

.....

.....

2. Chaza ukuthi kungani irekhodi eliceliwe lidingeka ukwenza noma ukuvikela kwelungelo elishiwo ngenhla:

.....

.....

IFOMU A: ISICELO SOKUFINYELA OLWAZINI LWESIKHUNGO SOMPHAKATHI

H. Isaziso ngesinqumo esenziwe ngokufinyelela kwakho

Uyokwaziswa ngokubhalwe phansi ngesinqumo sokwedlulisa kwakho isinqumo ngaphakathi. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, uyacelwa ukuba uyisho leyo ndlela bese uhlinzeka ngemininingwane efanele ukuze kukwazeke ukuthi kuhanjiswa nesiselo sakho.

Ngabe ungakhetha ukuthi waziswe kanjani mayelana nesisinqumo sesicelo sakho sokufinyelela kwirekhodi?

.....

Sisayinwe e_____ngomhlaka ____ ku _____ 20____ .

.....
ISIGNESHA YOMFAKISICELO /
YOMUNTU OKWENZIWA ISICELO EGAMENI LAKHE

IFOMU A: ISICELO SOKUFINYELA OLWAZINI LWESIKHUNGO SOMPHAKATHI